


UKUBALA NGOKUHLEHLA

 Ngiyabonga. Ngiyabonga, Mfowethu Moore. Ningahlala phansi. (Kulungile lokho, mfowethu, yifake.) Ngiyabonga ngesimemo. Kuyakhombisa ukuthi abantu basalambile, indlela engikhuluma ngayo nengiqhubeka ngayo; futhi nokho nilokhu nibuya. Ngakho ngibonga kakhulu kuwe. INkosi inibusise njalo ngumkhuleko wami.

² Lesi kube yisikhathi esisodwa esihle kakhulu kimina. Ngizijabulisise ngempela, ngaba nesikhathi esimangalisayo, isikhathi esimangalisayo senhlanganyelo eZwini nasezintweni zikaNkulunkulu.

³ Bengizibuza. Lo akusuye uDadewethu uLyle, nguye, ohlezi lapha na? Uyazi, ngobunye ubusuku ngikhulume ngomyeni wakho e-Azusa, ngomhlangano wase-Azusa Street, futhi—futhi ngaqalaza nxazonke futhi ngikubonile, ngacabanga ukuthi uzobe umdala kunalokho, ngakho ngi... Ngase ngiqaphela, futhi mina... UDadewethu Moore, ngibone isithombe sakhe... Leyo ncwadi oyibhalile, nginayo. Kuyamangalisa. Futhi impela bekungukuthi ukungibuyisela ezinsukwini zakudala, ngenkathi uthi wawugqoka... ugqoka leyo ngubo eyodwa isikhathi eside kangako, noma okuthize. NoDadewethu Moore omncane, ngapha, umfo omncanyanyana egqoke ama-ngibambe-phansi, ngakujabulela nje ukuba nawe.

⁴ Dadewethu Moore, ngicabanga ukuthi uhlanganiswe nabo Phakade. Uma lokhu kuphila sekuphelile, nokuphila ngakolunye uhlangothi, leso siyingi somndeni esikhulu ngeke sa—ngeke saphulwa. Ube nemizabalazo eminingi nezinto kulokhu kuphila, kodwa ukuphila okuzayo, kuzoba ngecono. Siyazi ukuthi imizabalazo isiphelile. UNkulunkulu anibusise njalo nonke.

⁵ U-Anna Jeanne, angikaliboni lelokepisi lengane okwamanje, kodwa ngi... Bangaki abalujabulele lolodatshana na? Bekukuhle ngempela lokho. Ngi... Mina nomkabi, saba nesikhathi esimnandi nje. Ngakho uBilly unezithombe zabo zonke phakathi lapho, i... .

⁶ Futhi Jackie? Ingabe a—akekho lapha na? Ngimbonile lowomfanyana wakhe. Uma eqhubeka ekhula, uzoya kozingela ibhere ngezinqindi zakhe. U—ungumfo omkhulukazi, akanjalo na? U—ufana nendoda encane ngempela. Futhi sijabula kakhulu ukubona laba bantu abasha, futhi sibona a—abadala besabambelele, abancane beza.

⁷ Kulokhukusa bengingenaso isikhathi sokubona wonke umuntu ovela e... ebengimazi ovela etabernakele nasezindaweni zonke. A—angikuphiki. Abanye babantu, nami... Uyaqonda, ngiqinisekile. Manje, kini ovela

etabernakele, sizonazisa ngokushesha okukhulu uma singakuhlelela leyoMinyaka yeBandla eyisiKhombisa, ukuba ilandelwe iziMpawu eziyisiKhombisa zokuGeina.

⁸ Angazi. Ngingahle ngehle, ngeluse iTabernakele lami ezansi lapha. Ngeke bangivumele ngakhe noma yini kuleyo phezu lapho, abantu abazungezayo. Futhi ngakho, a—angazi ukuthi sizokwenzani. Abangivumeli nje—ababonakali befuna ngikwenze. Futhi ngakho, besilwa nakho isikhathi eside, futhi asikwazi ukukwenza. Ngakho, kodwa sizokhubeka futhi sibe nalokhu noma kanjani, mhlawumbe, ngaphambi kokuba kubande kakhulu.

⁹ Manje, khumbulani, okokuqala nginishiya nonke lapha eShreveport, ngenza ukuphawula kanje: Uma ngingake ngibe nomusa kini, (Niyabo?), ubusuku abuyikuba mnyama kakhulu; izimvula ngeke zine ngamandla kakhulu. Ngakho khumbulani nje, lokho kusami kahle. Ngishaye noma nini. Noma yini engingayenza, ngizokujabulela ukuyenza.

¹⁰ Ngesinye isikhathi ekuthethiseni eVangelini (Niyabo?), nezinto ezinjalo, akungenxa yokuthi angikho othandweni; Ngisothandweni. Niyazi, akulungile ukusho amahlaya amancane, kodwa, ukushintsha into, njengomfana omncane ebhaxabulwa, niyazi, noyise wathi, “Ndodana, lokhu kuzongilimaza kakhulu kunawe.”

Wathi, “Baba, ngiqinisekile ukuthi ngeke ukwenze khona-ke.”

¹¹ Ngakho—ngakho ngi . . . Kodwa ukubhaxabulwa kweVangeli kuhlukile. Akujabulisi kakhulu ukukwenza, kodwa nokho, yizinto esizidingayo. Futhi siyethemba ukuthi uNkulunkulu uzokubusisa ngokucebile. Ngicela imikhuleko yenu manje, futhi lapho phesheya kwezilwandle . . .

¹² Manje, uMfowethu Jack ubengitshela phandle lapho ukuthi banginikeze u—umnikelo wothando. Futhi ngakho bengingawufuni lowo. Kodwa bengizomvimba. Bengicabanga ukuthi uzokwenza kulobubusuku, kodwa ubesevele ekwenzile, ubusuku, ngesinye isikhathi ngaphambilini. Ngakho-ke izongeniswa emsebenzini wezithunywa zenkolo ngetabernakele. Angiwutholi ngokuqondile mina uqobo. Ungena etabernakele, futhi uzoba . . . ukusiza ukuthumela phesheya ezindaweni lapho bengakwazi ukukhokhela iVangeli futhi babe nemihlangano. Khona-ke lokho konga . . .

¹³ Itabernakele aliwusebenziseli lona uqobo. Nakho kuhlezi abaphatheli khona lapha manje. Niyabo? Ngakho a—abawusebenziseli bona uqobo. Ungena emkhankasweni, uphumele ngqo emkhankasweni. Kuphela bayinhlango. Niyabo? Futhi ngakho izosetshenziselwa uMbuso kaNkulunkulu.

¹⁴ Angenzi ngisho—angisayini ngisho nesheke. Lize ligxivizwe, lafakwa ebhange, futhi lagcinelwa lezi zimali zalena imikhankaso, futhi lokho kuphela (Niyabo?), okweVangeli ebenilizwa, ukuyidlulisela kubantu abangakwazi ukuqasha inkundla yezemidlalo noma indawo yokuba nayo kuyo.

¹⁵ Bese kuthi-ke, ngokocingo logulayo. Akukho muntu... Indoda empofu, isigejane sezinganyana ezincane phandle lapho futhi ayinalutho, ayikho indlela yokukuyisa lapho. Futhi ukuthi, uma kufanele ngiyothatha ithikithi lendiza, bangithengele lona futhi ngiphumele lapho futhi ngishaye lolu cingo, futhi ngikhulekele lowomntwana ogulayo ompofu, noma ngabe kuyini, bese ngiyabuya, yilapho imali yakho eya khona. Yilokho okwenzekayo kuyo, ngoba ngifanele ngiphendule ngayo phezulu lapho. Niyabo? Niyakwethemba kimi, futhi ngifanele ngibe ngomele izindaba zaKhe. Ngifuna ukutholwa ngingenacala lanoma yini engalungile ngaleyo ndlela. UNkulunkulu anibusise. Manje, ake sikhothamise amakhanda ethu kancanyana nje okwezwi lomkhuleko.

¹⁶ Baba wethu waseZulwini, O Nkulunkulu, kungakapheli nje imizuzu eyishumi edlule, ukubona lowombono unqamula kulelodeski kumama omncane othandekayo emuva lapha; azi sekuphelile manje. Ngibonga kakhulu ukuthi Wena unguNkulunkulu. Ngibonga kakhulu ukuthi sinoMuntu mumbelapho singeza kuye, futhi kwahlala...ngendlela efanele kungaxazululwa. SiyaKubonga ngakho konke Osenzele khona.

SiyaKubonga ngabantu lapha eShreveport, naseTexas, nakuzo zonke izifunda esibuthene kulomhlangano.

¹⁷ Nkosi Jesu, sithethelele ngezindlela zethu—zethu, ukuthi mhlawumbe siyehluleka ndawo ndawo, mhlawumbe ukuthola umlayezo ngendlela okufanele ube ngayo. Kodwa, Baba, ngikhulekela ukuthi lapho senze khona iphutha, ukuthi uMoya oNgewele omkhulu uzothatha amazwi, futhi uwazungezise, futhi uwafake ezinhliziyweni ngendlela efanele, ukuze baqonde ukuthi lesi yisikhathi sokulungiselela manje ngaphambi kokumuka kwebandla.

¹⁸ Sonke asiphilele lelohora, Nkosi, siphile namuhla njengoba kungahle kube njalo namuhla. Futhi uma Engekho lapha namuhla, sizobe siMbheka kusasa. Gcina izinhliziyiyo zethu zihlanzekile esonweni nasebugovini. Gcina izinhliziyiyo zethu zihlanzekile, imiphefumulo yethu ingangcolisiwe, ngeGazi likaJesu Kristu, ukuze sihambe naYe futhi siphile naYe kuze kube phakade.

¹⁹ Busisa uMfowethu Jack Moore, uMfowethu Lyle, uMfowethu Brown, bonke lababazalwane abahle, Nkosi, izisebenzi zabo lapha. Laba bantu abavamile nje lapha, kanjani unyaka nonyaka...sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini, futhi sixoxisane ngemiBhalo, futhi sibe nezikhathi ezimangalisayo

zenhlanganyelo. Busisa uDadewethu Moore, u-Anna Jeanne, uDadewethu Lyle, bonke laba besifazane abahle, Nkosi, bonke. Ngikhulekela izibusiso zaKho. . . Leli khwaya elincane elithandekayo. . . Sibusise nje kanyekanye, Baba.

²⁰ SiyaKuthanda, futhi siyakhuleka ukuthi Uzothethelela iziphambeko zethu futhi usihlomise ngamandla aKho amakhulu, ukuze sibe ngofakazi engxenyeni yomhlaba okufanele singene kuwo, nomaphi lapho Ongasibizela khona. EGameni likaJesu Kristu, siyakucela. Amen.

²¹ Manje, ubusuku bokuvala bomkhankaso, futhi benginicina isikhathi eside ubusuku ngabunye. Ngi—ngizozama ngempela ukuthi ngingakwenzi lokho kulobubusuku, ngoba kusasa niya emsebenzini, futhi kufanele ngivuke. Ngemuva kokuthi sengifike ekha- . . . ngale endaweni yami futhi ngiqoqe, futhi nginamamayela angaba ngamakhulu ayisikhombisa namashumi amahlanu ukushayela kusukela cishe kugamenxe ihora lesibili ekuseni. Ngifanele ngibe seJeffersonville, ngakho konke okungenzeka, iNkosi ithanda, esikhathini esinqunyelwe ukubonana kusasa ebusuku.

²² Ngakho, futhi ngikhathele, ngikhandlekile. Ngivele ngihambe ngisuka endaweni ngiye endaweni. Futhi—futhi ngakho ngi- . . . Kodwa lapho ngiqala ukuzondla ngaleMana yaseZulwini, Ngi—ngivele nje, nginakho, nginamandla amakhulu nje, nozwelo olukhulu, ngabanye.

²³ Ngakho ngifuna niphene kulobubusuku ivesi elilodwa emBhalweni elitholakala eNcwadini yamaHeberu. Leyo yincwadi esikholwa ukuthi uPawulu wayibhalela amaHeberu, ehlukana umthetho nomusa.

²⁴ Futhi khona-ke ngicabanga ukuthi uBilly uthe izolo ebusuku ukhiphe amakhadi omkhuleko. Nodade emuva lapha emizuzwaneni embalwa edlule, ebambe uMfundisi ohloniphekile uPrice omncane, cishe amaviki amathathu noma amane ubudala, noma, izinyanga ubudala, noma, amaviki ubudala, ngikhulwa ukuthi yiwo, ehlezi emuva lapho, wathi umyeni wakhe uzobe, ubefuna ukukhulekelwa. Futhi yingakho. . . Ngiyaqonda ukuthi wathi, “Kodwa unalo ikhadi.”

Ngathi, “Hhayi-ke, kuhle. Khona-ke ngizoyeka ngesikhathi, ukuze ngibize lawomakhadi omkhuleko, futhi ngikhulekele abagulayo.”

²⁵ Manje, khumbulani, ekukhulekeleni abagulayo, uzibophela okwehange ukuthi umkhuleko wokukholwa uye we—uye wenzelwe wena. Futhi ungakungabazi nhlobo, kholwa nje ukuthi kunjalo, futhi kuzofezeka.

²⁶ Manje, ngikhulwa ukuthi njengoba thina, njengabantu, sinokuphelele, ukuqinisekiswa okuphelele ngokuphelele ukuthi uJesu Kristu unathi. Niyakukholwa lokho na? UJesu Kristu

unathi. Futhi ngakho uma Elapha, Ulapha ukuze aphendule futhi asikhonzise sonke isibusiso Asethembisa eZwini.

²⁷ Ngakho lapho sikhuleka futhi sibeke izandla phezu kwabagulayo, silindele nina ukuba nikukholwe lokho. UNkulunkulu ulindele wena ukuba ukukholwe lokho. Ungalokothi usuke kukho. Ungavumeli lutho lukunyakazise.

²⁸ Njengoba ngishilo esikhathini esedlule e...inenekazi eliselincane, “Vele ushayele phansi ensikeni khona lapho engqondweni yakho, ‘Kulomsamo kulobubusuku umkhuleko wokukholwa ukhulekelwe mina. Futhi, Sathane, iGazi lafakwa phakathi kwami nawe. Ngakho-ke usungavele uhambe.”

Ungeza kuleyo nsika, futhi uthi, “E-e.” Nantu uphawu lokubona, wena uthi. . .

²⁹ Musa ukuyishaya ngequpha. Musa ukuyishaya ngequpha, shaya ngequpha inyoka, qhubeka uthi, “Ngiyakukhuza. ngire- . . .” Izokuluma. Niyabo? Ungayinaki nje, suka eduze kwayo. Ngakho, wehluliwe noma kanjani, ngakho, nakho lapho okhona. Niyabo? Nje unga—ungashayi ngequpha, uthi, “O, Nkosi, ikhuze, ikhuze.” E-e. Ungakwenzi lokho. Niyabo? Wenza buthaka lokho okukholwa ngempela. Niyabo, niyabo?

³⁰ Uyakholwa noma awukhuphuki. Uma ukhuphuka, khona-ke kholwa, futhi uyekele lokho kukuxazulule. Yilokho—yilokho kuphela kwakho. Uyabo? Vele ume khona lapho bese uthi, “Sekuphelile. Yilokho kuphela. Kunakho lokho.”

Manje, ngesikhathi esilandelayo ngehla, ngehla mhlawumbe ukubamba umkhankaso wokuphulukisa futhi hhayi ingqungquthela, futhi sizokhuluma kakhulu ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu.

³¹ Manje, kumaHeberu 11, uma wonke umuntu enakho, isahluko se 11, nevesi se 3, ngifisa ukufunda, ukudonsa kulokhu kufundwa komBhalo ingqikithi, noma, indikimba.

Ngokukholwa siqonda ukuthi izwe lonke ladatshulwa ngezwi likaNkulunkulu, kuze kuthi okubonwayo akuvelanga kokubonwayo.

³² UmBhalo oyingqaba kakhulu, akunjalo na? Kodwa kulokhu ngifuna ukukhuluma ngohlobo lodaba lwesimanje. Ngifuna ukuthatha into ethize engeyesimanje, bese ngiyiqhathanisa neyakudala, ngoba zonke izinto eziseBhayibhelini, noma ezazikhona, zingumfanekiso wezinto ezizayo.

³³ Manje, indikimba yami kulobubusuku ibizwa ngokuthi, “Ukubala ngokuhlehla.” Manje, izinto...zonke izinto emvelweni ziyizifanekiso zezinto ezingokomoya. Siyakuqonda lokho. Niyabo? Okwemvelo kufanekisa okungokomoya kuphela.

³⁴ Ngiyakholelwa ekuziphendukeleni kwemvelo, kodwa hhayi ngendlela ososayensi abathi kwafika ngayo. Futhi sebevele bazibhaxabulile ngalokho. Lapho becabanga ukuthi into

ethize yazala into ethize, futhi lokhu kwenza lokhu, futhi kwaziphendukela ngokwemvelo, qhabo, mnumzane.

³⁵ UMoya oNgcwele omkhulu waqala ukufukamela phezu komhlaba, futhi nakho kufika uhlobo olulodwa lokuphila, bese kuba olunye uhlobo lokuphila. Futhi lwalulokhu luvela, luvela, luvela lwaze lwafika kuwo kanye umfanekiso waLowo owayelufukamele: umfanekiso womuntu. Walufakazisa, ngenkathi uNkulunkulu enziwa inyama, WayenguMuntu. Alukaze lukhiqize noma yini enkulu kunaleyo, ngoba alukwazi. Yena impela uMdali wayenguMuntu qobo lwaKhe. Niyabo?

³⁶ Manje, bese kuthi-ke, ngani, ubuka isihlahla, ukuthi sihle kanjani, ukuthi sime kanjani. Simelelani leso sihlahla na? UMuthi wokuPhila. Niyabo? Kukhona okuthile ezulwini okukumelelayo. Niyabo? Futhi lesi isithunzi nje sezinto ezingokoqobo. Lolu uhlangothi lwenegethivu.

³⁷ Lapho sifuna ukuphila, odokotela, wonke umuntu usebenza ngokomzimba, uzama ukuphila. Kungani kunjalo na? Ngoba ukuphila. Futhi kumelela kuphela, futhi kukhombisa, ukuthi, umzimba ongaguli, nalowo ongeke ufe. Lona lapha ongafa ufakazela kuphela ukuthi ukhona ongafi. I—isihlahla esifayo sifakazela ukuthi kukhona esingekke sife, ngokuba yisithunzi sezinto eziza ngokwemvelo. Izifundo ezinhle kakhulu ezihlahleni, ngibhekisisa isihlahla.

³⁸ Lapha, esikhathini esingeside esidlule, lapho umama wami wayegula kakhulu futhi esezofa, noDelores wangibiza (futhi usanda kwamukela uMoya oNgcwele), ngakho wathi, “Bill, mina,” (yena uyingane) futhi wathi, “Angikwazi nje ukukumela, Bill,” futhi wathi, “uMama, uMama wethu kuphela . . .”

Futhi ngathi, “Kungani . . .”

Wathi, “Ubengakwenza kanjani uNkulunkulu . . .”

³⁹ Ngathi, “Wupu, awume umzuzu (E-hhe.) umzuzu nje.” Ngathi, “IBhayibheli lathi, ‘Kuyigugu emehlweni eNkosi ukufa kwabangcwele baKhe.’” Ngathi, “Buka lowokhokho omdala elele lapho kulowo mbhede, emamatheka nje, futhi ebiza iNkosi uJesu, kungekho lutho okumthintayo.” Ngathi, “Ngisambona lapho engigaxa, futhi ngangingumfanyana nje, futhi ngambhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, phandle emfuleni, ngibone uMoya oNgcwele ufika phezu kwakhe.” Ngathi, “Ngani, impela, usehambile, uyohlangana nobabayi.”

Wathi, “Awu mina nje, Bill, angikwazi ukukumela.”

Ngathi, “Delores, kunesihlahla som-oki kwesokunxele efasiteleni lakho.”

Wathi, “Yebo.”

Ngathi, “Uhlobo lonke, bekungakabi kuhle yini ngalawo mahlamvu aluhlaza?”

“Yebo.”

Ngathi, “Anjani manje na?”

Wathi, “Awu, ansundu, aphuzi, aluhlaza.”

“E-hhe,” ngathi, “ayemahle kunakho konke nini na? Lapho ayeluhlaza, noma lapho enjalo manje na?”

Wathi, “Manje.”

Futhi ngathi, “Nokho ayafa. Yilapho ukuphila kuba kuhle kakhulu khona.” E-hhe. Kunjalo.

Lapho efika endaweni...Ngathi kuye, ngathi, “Mama, uzizwa unjani manje na?”

Wathi, “Kuyamangalisa.”

⁴⁰ Lapho efika endaweni engasakwazi ukukhuluma, Ngathi, “Mama, ngisengumfana wakho ongumshumayeli okwamanje, uBilly. Uyangibona na?” Akabange esakwazi ukukhuluma. Ngathi, “Uma uJesu esasho okuningi kuwe njengoba Enza mhla uMamukela esesimweni sikaMoya oNgcwele, cwayizisa amehlo akho ngokushesha okukhulu.”

Futhi wacwayizisa amehlo akhe, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe.

Kwabe sekungena umoya omncane ekamelweni futhi waphuma nawo. O, ya. Niyabo? Kulungile.

⁴¹ Isihlahla silenga iqabunga laso. Futhi into yokuqala niyazi, leloqabunga liqala ukuba nombala lapho ukuphila kulishiya. Kwenzakalani na? Ku...Ukuphila eqabungeni kubuyela empandeni yesihlahla lapho kuvela khona, kuphela ukubuya futhi entwasahlobo ukuletha elinye iqabunga.

⁴² Futhi siseMthini wokuPhila lapho sizalwa ngokusha. Futhi lapho ukuphila kukushiya lokhu, ukuphila kubuyela kuNkulunkulu owakunikezayo, ukubuya futhi esikhathini seminyaka eyiNkulungwane neqabunga elingenakuqathaka esihlahleni. A-hha, a-hha. Amen. Nakho lapho okhona, Phakade. Lokho ukuphila okunguna phakade; sinokuPhila okuPhakade. Niyabo? Ayawa, aphume. Kuyini na? Okwemvelo kufanekisa okungokomoya.

⁴³ Bukani lomzimba lapha, uphisi wobuciko onjani imizimba yethu oyiwo. Ayikho into efana nawo. Akukho lutho olwake lwazuzwa olwalungathatha indawo yawo, imizwa nokunye nokunye. Kuyinto enhle kakhulu kanjani: izandla, izingalo, ikhala, umlomo, yonke into njengoba nje sikudinga. Kuyinto enhle kakhulu. Kuyini na? Umzimba wemvelo ungumfanekiso womzimba wokomoya, “Ngokuba uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa,” sinenye indlu esizongena kuyo. Niyabo? Lesi yisithunzi kuphela salowo ozayo.

⁴⁴ Sicabanga ngomlobokazi nomyeni. Kwenzekile nje ngibeheke ngaphesheya kwabanye abantu abasha, uzoshada,

ngakho ngangicabanga ngomlobokazi nomyeni. Kulungile. Kufanekisani lokho na? Emvelweni umfanekiso wokomoya, uMlobokazi noMyeni. Kunjalo.

Zonke izinto—izinto zenziwa ngezinto ezingabonakali. Manje, qaphelani. Kuhlala kufanekisa: umzimba wokomoya, umzimba wemvelo.

⁴⁵ Futhi manje, sihlala lapha, ukuthi lokho esikukholwayo kuphakathi, kukhona imizwa eyisithupha, imizwa emihlanu, ngempela, kodwa ukukholwa kwenza umuzwa wesithupha. Manje, futhi siphila, manje phakathi lapha, esikucabangayo, esikubiza ngokuthi, “amazinga amathathu.” Ngingahle ngingakubizi kahle lokhu. Ngicabanga ukuthi amazinga amathathu abizwa ngokuthi (Abanye benu bantwanyana abaphuma esikoleni esiphakeme bangahle bakwazi ukungilungisa kulokhu.) ukukhanya, umoya, nomcabango: amazinga amathathu. Manje, noma, ingabe kunjalo lokho na? Ukukhanya, umoya, nomcabango. Lawo amazinga amathathu, akunjalo na? Ngicabanga ukuthi lokho kunjalo. Kulungile.

⁴⁶ Manje, sine, siyazi, kukhona elinye izinga, okuyizinga lesine, ngoba isayense ihlolisile kukho futhi ikutholile, futhi ngumsakazo. Ayikho imizwa yomzimba wethu engakwazi ukuzwa umsakazo noma ithelevishini phezu kwalelo gagasi le-etha. Nokho phakathi kwethu manje kuza amazwi abantu. Khona ngapha kuza izithombe zethelevishini. Kodwa asinalutho kithi, akukho ndlela nhlobo yokuxhumana nalokho kithi ngokwethu. Kudinga ikristalu yohlobo oluthile, noma uzibuthe, ukuxhumana nalokho. Kodwa kuyakhuluma ukuthi kukhona elinye izinga. Manje, lokho amazinga amane.

⁴⁷ Bese-ke, ngicabanga ukuthi izinga lesihlanu yilapho isoni sifela khona, lapho siya khona. Manje, ngicabanga ukuthi lapho isoni sifa siya kulelizinga lesine. Qaphelani. Into yokuqala, angeke siye eBukhoneni bukaNkulunkulu ngoba siyisoni, nesikhathi sakhe siphelile emhlabeni.

⁴⁸ Uma nginganifanekisela khona, kufana nokuzama ukuyolala futhi use...awukwazi ukulala, futhi usephusheni elibi. Wena...Izinto ezicashile, uyamemeza. Uyikho konke... Leso isimo sababi abafile. Angeke angene eBukhoneni bukaNkulunkulu ngoba uyisoni. Angeke abuyele emhlabeni ngoba isikhathi sakhe siphelile. Futhi ubanjwe phakathi kwezinto ezimbili ezingeni lesihlanu. Unomphefumulo, futhi ungeke angene eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngoba awumboziwe ngeGazi. Uyisoni. Akakwazi ukuzivusa, ngoba isikhathi sakhe sesiphelile emhlabeni. Ngakho nangu, ephusheni elibi elibuhlungu.

Cabanga ngalokho manje, ngaphambi kokuba ungene: iphupho elibi, memeza.

⁴⁹ Abaningi bethu baye baba namaphupho amabi. Kungenxa yokuthi, siyatshelwa, ngoba izinzwa ezimbili ziyedlula, encane nenzwa enkulu, futhi kuyabamba phakathi, futhi lokho yiphupho elibi. Futhi lapho isoni sifa, sibanjwa nomphefumulo waso phakathi komhlaba nesihogo ngephupho elibi, lapho simi khona.

⁵⁰ Manje, izinga lesithupha likuKristu, abangcwele, abangcwele abafile, noma, abangcwele abaphumule, ophelele, umsebenzi oqediwe emhlabeni, futhi usengene ekuphumuleni noKristu ngaphansi kwe-altare, kahle. Uma ungakuhambisanisa ngokulingana njengephupho elimangalisayo obungafuni ukuvuka. Akulona iphupho, kungokwemvelo. Ngokwangempela. Kodwa ngingenzela umfanekiso nje. Futhi kusobala, izinga lesikhombisa nguNkulunkulu yedwa.

⁵¹ Manje, qaphelani izehlakalo zesimanje esinazo. Sibuka lonyaka wesayense esiphila kuwo, unyaka wenkinobho ecindezelwayo. Futhi nokho, abantu banesikhathi esincane sokukhuleka kunalokhu abake baba naso, kuzo zonke lezi zikhathi zesimanje. Babevame ukuhlala ubusuku bonke, balalele intshumayelo. Futhi manje asikwazi nje ukukwenza. Asinaso isikhathi sokukwenza. Niyabona, kusekhanda lethu nje. Sicabanga ukuthi asinaso isikhathi sokukwenza, kodwa sinaso.

⁵² Kodwa izehlakalo zesimanje ziyisandulela sezehlakalo zangokomoya. Manje, khumbulani, izehlakalo zesimanje ziyizandulela zezehlakalo zokomoya, ezemvelo njengezokomoya, ncamashi. Izehlakalo ngasinye zihambisana nezinye, zithuthukisiwe kuphela ngaphezu kwesinye. Into ngayinye eyenzekayo kokwemvelo, futhi into elandelayo eyenzekayo ukuthuthukiswa.

⁵³ Ngokwesibonelo, ake sithathe, ngokwesibonelo, manje, kwezokuthutha. Ngolunye usuku kwakukhona ihhashi nekalishi, sase-ke sithola imoto. Lokho kusenamandla amahhashi, kodwa okuningi kwawo emotweni. Kwakuwukuthuthukiswa kwamandla amahhashi. Impela. Lapho sithola imoto, yayingcono kunehhashi nekalishi. Sabe sesigibela ihhashi nekalishi. Sabe sesithatha imoto. Futhi emva kwemoto, izelamani zakwaWright ziyafika futhi zenza indiza, kusengamandla ehhashi (Niyabo?), kodwa ngukuthuthukiswa.

⁵⁴ Omunye uphelezela omunye. Esinye isehlakalo ziphelezela esinye isehlakalo ngaso sonke isikhathi. Manje, njengoba izinto. . . Manje, ningehluleki ukuthola lokhu. Vulani izindlebe, inhliziyo, nakho konke manje, futhi nilalelisise.

⁵⁵ Lapho kwenzeka noma yini emhlabeni, kuyisixwayiso kithi ukuthi kukhona okulungiselela ukuba. . . kwenzeke eZulwini. Lokho umuntu akwenzayo emhlabeni ngokuzuza kwakhe

ngempumelelo, kuyinto ethize uNkulunkulu alungiselela ukuyenza ngokuzusa ngempumelelo kwaKhe ebandleni laKhe. Manje, sibheka, ukuthi lapho sivela ehhashini nekalishi, imoto, indiza, ibandla, uNkulunkulu ukwazile, emgqeni wokomoya, ukuzusa ngempumelelo ekulungisisweni ngoLuther, ukungcweliswa ngoWesley, kuya embhaphathizweni kaMoya oNgcwele manje. Niyabo? Kungumfanekiso, isithunzi, ukuzusa ngezimpumelelo, lokho uNkulunkulu akwazile ukukwenza.

⁵⁶ Manje. Manje, khumbulani, uNkulunkulu ngoLuther ngamandla kaMoya oNgcwele, Wakwazi ukuzusa ngempumelelo ngoLuther ebandleni, ukulungisiswa. Futhi ngenkathi ibandla selithola ukulungisiswa, ezivumwenikholo zamaRoma, liqala ukuthola ukuPhila futhi liqala ukunyakaza, ngokulungisiswa. UNkulunkulu wakwazi ukukwenza ngokuzusa kwaKhe ngempumelelo ukuthola umuntu oyedwa ukuthi ame isikhathi eside ngokwanele ukuze Aziveze Yena uqobo kukho, futhi ayise umlayezo waKhe kubantu. Kulungile.

⁵⁷ Ukuzusa ngempumelelo okulandelayo uNkulunkulu akwazi ukukwenza, Wathola indoda, ngo, John Wesley, ukuma anganyakazi ngokwanele, kwakuzosuka ezivumwenikholo zamaLuthela, lapho okwakufanele kufinyelele khona, ukushumayela ukungcweliswa. Khona-ke ibandla livela ehhashini nekalishi, liya emotweni. Lathola iMpilo eyengeziwe futhi laqala ukugijima. Lahamba ngokushesha kakhudlwana ngaleso sikhathi.

⁵⁸ Bese-ke kuza u-Azusa Street, lapho abashiya khona umhlabathi futhi bashaya umoya ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. UNkulunkulu wathatha ibandla esivumweni sokholo sasemhlabeni walindizisa lilodwa emoyeni. Njengoba nje indiza ingena, uMoya oNgcwele uyangena emva kwayo. Niyabo? Kunjalo.

⁵⁹ Ukulungisiswa, ihhashi nekalishi; ukungcweliswa (Kwakuyini na?), imoto yaqala ukuhamba. Khona-ke umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, wasuka emhlabathini, wasusa izinyawo zethu, sakhuphukela emoyeni, sindiza ngakwezaseamazulwini neziphiso zaseZulwini, sikhuluma ngezilimi, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu.

⁶⁰ Bona, wayesesemotweni, futhi besagibele ihhashi nekalishi, bacabanga ukuthi leyo kwakuyinto eyinqaba ukwedlula zonke abake bayibona, labobantu babequleka. Kodwa basusa izinyawo zabo emhlabathini. UNkulunkulu wakwazi ukuletha ebandleni ukuzusa kwaKhe ngempumelelo, ngenkathi Ethola isigejane sabantu simile isikhathi eside ngokwanele ukuthi Wayengathulula uMoya waKhe kubo.

⁶¹ Amandla ehhashi afanayo akwazi ukushaya ihhashi enza into efanayo emotweni, futhi enza into efanayo endizeni. NoMoya oNgcwele ofanayo owaletsa ukulungisiswa eBandleni,

Waletha okunye kwakho ngenkathi Uletha ukungcweliswa, futhi waKuthulula phakathi noMoya oNgcwele, kusengamandla afanayo. Kulungile. Wangenisa into efanayo, wasusa ibandla ezinyaweni zalo wangena kwezasamazulwini. Kulungile.

⁶² Manje, izinto sezishintshe ngokuphelele, (Niyabo?), ngoba isayense iyaqhubeka. Futhi sihlala sikhuluma ngesayensi, kodwa ake sibheke emuva futhi sibone ukuthi uMfundisi wethu omkhulu wesayensi wenzani. Buka ukuthi uNkulunkulu wenzani ngebandla laKhe.

⁶³ Manje, sesingene onyakeni, ongasesiwo owe—owehhashi nekalishi, ongasesiwo owemoto, thina . . . ongasesiwo owendiza, manje, kukhona osomkhumbi-mkhathi. O, he. Lona unyaka kasomkhumbi-mkhathi. O, into enkulu kangaka.

⁶⁴ Ihashi nekalishi kwakuboshelwe emhlabeni kodwa manje sisonyakeni wosomkhumbi-mkhathi. Futhi kanjalo nebandla. Lokho kuwukujikijela okukhulu engingakwazi ukukuthola phambi kwabantu. Bazinzele indiza. Abanye babo bazinzela ihhashi nekalishi. Kodwa uNkulunkulu unonyaka kasomkhumbi-mkhathi.

⁶⁵ O, unyaka onje pho ukuphila kuwo. Akumangalisi bengakwazi ukukuqonda. Kodwa, niyabo, lapho uNkulunkulu evumela umuntu enze okuthize, kungukukhombisa ibandla ukuthi Wenza okuthize.

⁶⁶ Niyabo, bahlale bezama ukubuyisela into endala. Futhi manje, gcina ihhashi nekalishi, kumane nje kuyi . . . yinsalela, kungumlando. Kwakulungile osukwini lwakho, kodwa seludlulile lolo suku. Udumo. Ukuxhawula umshumayeli kwakulungile, kudala, kodwa lokho sekwedlule manje. Ihlelo laphila usuku lwalo lwaphela. Sesidlulile kulokho manje.

⁶⁷ Sisonyakeni womkhumbi-mkhathi. Amen. Manje, ngiqala ukuzizwa nginokukholwa. E-hhe, e-hhe. Unyaka kasomkhumbi-mkhathi, yilokho okwenza abantu bonke bajike. Abazi ukuthi bacabangeni ngalezi zinto. Niyabo? Abazi ukuthi bangayithola kanjani. Qaphela. Nokho, lonyaka kasomkhumbi-mkhathi unguMoya ofanayo, amandla afanayo, njengoba ayenjalo amandla ehhashi.

⁶⁸ Manje, kulonyaka kasomkhumbi-mkhathi kokwemvelo, kukhona futhi unyaka kasomkhumbi-mkhathi wokomoya. Kuyini na? Bese-ke ibandla lisuka endizeni, njengokwemvelo, kuthathe indiza ephakeme. Ngani, lowosomkhumbi-mkhathi, ayikho indiza ezombamba. Usehambile waya lapho angeke ngisho esayibona khona indiza. Niyabo?

⁶⁹ Futhi yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo manje. Esikhundleni sokuba ngumfo omncane wesikole ophumayo, futhi akhulume ngezinto ezithile uDkt. *S'bani-bani* azisho eminyakeni edlule, sinezinkozi, abaprofethi, abakhuphukela

kwezasemazulwini, kude le phezu komcabango wezinkukhu eziboshelwe emhlabeni. Unyaka wosomkhumbi-mkhathi. UNkulunkulu ukufakazisile. Kubhekisiseni.

Uma kwenzeka ngezinsuku zehhashi nekalishi, kanye nezinsuku zemoto, kuLuther, uWesley, kuthiwani manje na? Yini indaba na?

⁷⁰ Abantu abakhuluma ngokuba yisimanjemanje, babiza lokho ngesimodeni. Lesi isimodeni. Lesi isimodeni, ngokoMbuso kaNkulunkulu, osomkhumbi-mkhathi. Udumo. Unyaka kasomkhumbi-mkhathi, impela, izinkozi, abaprofethi bakaNkulunkulu bevuka enkundleni. Yeka indlela esibonga ngayo ngalokho.

⁷¹ Kuyini na? Ukubonakaliswa kokomoya kweZwi lokomoya kugcwaliseka ngokoqobo phambi kwethu. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

⁷² Izwi likaNkulunkulu libonakaliswa, kwake kwaba nzima uku—ukuqonda, manje, kwenziwa kwacaca ngosomkhumbi-mkhathi. Indawo yebandla okufanele lihambe lithi ngqu kwezasemazulwini, hhayi ezansi lapha lintanta emafwini, futhi libhuza njengendiza, kodwa into ephephezeliswa yiNto ethize eyithumela ngaphezu kwanoma yini indiza engayicabanga. Ngusomkhumbi-mkhathi. Lowo ngunyaka esiphila kuwo manje, osomkhumbi-mkhathi bokomoya.

⁷³ Manje, usomkhumbi-mkhathi angabona izinto ihhashi, ikalishi, imoto, noma indiza ebingekwazi ngisho nokuzibona, ngoba uyizinkulungwane zamamayela ngaphambi kwazo. Usekude kakhulu baze ba...futhi isivinini esiphindwe kamashumi amahlanu. Amen.

⁷⁴ Manje, niyabona ukuthi kungani abantu becabanga ukuthi niyahlangana na? Abakwazi ukukuqonda. Ngani, usagibele uDobbin omdala. Isiphi isivinini uDobbin anaso na? Kulungile, kodwa isiphi isivinini uDobbin anaso kusomkhumbi-mkhathi na?

⁷⁵ Into efanayo nokuthi isiphi isivinini esinokulungisiswa esinaso esambulweni naseBukhoni bukaJesu Kristu ukukuthwala kude kakhulu ngale kwalokho, kokujoyina ibandla, noma ukuxhawulana nomunye umuntu. Ngunyaka kasomkhumbi-mkhathi, lapho ibandla lifanele liphakanyiswe, le nangaphezu kwakho konke. Kunjalo.

⁷⁶ Usomkhumbi-mkhathi wokomoya izinkozi. Wedlula zonke izivumokholo zehlelo, zonke izithiyo zehlelo, yonke imicabango yehlelo, yonke imicabango yabo egubuzeliwe.

Uphezu kwawo wonke amafu, yonke into ekhona okufanele ibhekwe, uphezulu phakathi...ngasezinkanyezini: usomkhumbi-mkhathi.

Futhi ikholwa elingusomkhumbi-mkhathi nalo liphezulu kwezasemazulwini. Lidlulele ngale kwalezi zinto eziboshelwe emhlabeni. Uphezulu ekuphakameni. Usemkhathini ongaphandle.

Niyabo, umuntu wasemhlabeni akazi kakhulu ngomkhathi ongaphandle. Kodwa uma usomkhumbi-mkhathi esemkhathini ongaphandle, ulapho kanye nawo.

⁷⁷ Futhi yingalesosizathu ibandla namuhla lingaqondi. “Kungani usho ngehlelo na? Kungani ukhahlela ngalokhu na? Kuthiwani ngalokhu lapha, lokhu lapha na? Angikuyiqondi lokhu kubona okufihlakeleyo. Angiboni ukuthi kanjani. . . bekukwenza ini. . . kungaba yini lokho na?” Impela. Uboshelwe emhlabeni. Kunjalo.

⁷⁸ Niyabo, unyaka kasomkhumbi-mkhathi uphakanyiselwe ngaphezu kwalokho, le phakathi kakhulu phezu kwawo, le ngaphezu kuka-Azusa Street, le ngaphezu kwazo zonke ezinye. Yinto yakamuva esinayo, usomkhumbi-mkhathi. Amen. UNkulunkulu akababheki abashayeli bamahhashi namakalishi. Ufuna osomkhumbi-mkhathi, umuntu ongasuka ahambe futhi aye ngale kokuzindla.

Manje, omunye uthi, “Manje, umzuzu nje, mfowethu. Akunangqondo ukuthi thina. . .”

⁷⁹ Lokhu kungaphezu kokuzindla. Kusemkhathini ongaphandle, ngaphandle komkhathi wokuzindla. Sifanele siyilahle phansi. Ngakho lapho udlula phezu kwabo baphonswa phansi, ngoba bangaphansi kwakho. Umkhathi ongaphandle, usomkhumbi-mkhathi, uphakame ngaphezu kwayo yonke imicabango yabantu. UseBukhoni obukhazimulayo bukaKristu, noKristu ukuwe.

⁸⁰ Umkhumbi-mkhathi wemvelo ulawulwa iyunithi ye-radar phansi. Le-radar iyawulawula. Ukubukile lokhu mhlawumbe kwithelevishini. Lapho bekhuphuka, ukuthi ubungebone lutho amamayela namamayela namamayela kangakanani noma yini, futhi nokho le-radar ikhomba ngqo kuyo. Ulawulwa i-radar, usomkhumbi-mkhathi wemvelo.

⁸¹ Futhi usomkhumbi-mkhathi womoya ulawulwa yiyunithi futhi, iyunithi yomkhuleko. Lokho kulawula usomkhumbi-mkhathi wokomoya, kumgcina esemgqeni, ehhe, wumkhuleko. O, kuhle, ngiyakutshela.

⁸² UNkulunkulu wayeneyunithi encane ihlezi emhlabeni ngesinye isikhathi ngenkathi usomkhumbi-mkhathi waKhe wokuqala wayelapha. Futhi niyazi, ukuthinta okukodwa kokukholwa kwaMmisa, nalokho kwamphendula.

⁸³ Umkhuleko ushintsha izinto. Ushintsha izikhundla ngomkhuleko ongalawula. Niyabo, siyabona ukuthi yini

engenziwa kokwemvelo, futhi kungumfanekiso wokomoya, izehlakalo zokomoya. Kungalawulwa ngaleyondlela.

⁸⁴ Manje, njengoba isayensi isithuthukele ebangeni ukuthi kufanele bathole usomkhumbi-mkhathi, bese kuthi-ke, ibandla selithuthukile, futhi niyaqaphela, isikhathi ngasinye liba lincane, kuthatha okuncane ukulilawula.

⁸⁵ Manje, sithola ukuthi umfanekiso kamoya nowemvelo. Ngakho-ke siyabona ukuthi okwemvelo sekulambe kade kangako, kuze kube iwashi elikhulu lemvelo, lithi sekusele imizuzu emithathu ngaphambi kwaphakathi kwamabili. Cabanga ngakho. Isayensi ithi sekusele imizuzu emithathu kuze kube phakathi kwamabili. Kukhona okulungiselela ukwenzeka. Bayakuzwa. Futhi uma bekwazile ukukuzwa, lifanele kangakanani-ke ibandla ukukuzwa na? Uma bengabona okuthile okuzokwenzeka, sekufanele sikwazi kangakanani ukubona into ethize ezokwenzeka na?

⁸⁶ Manje, kodwa bathi, ewashini labo elikhulu, yimizuzu emithathu kuze kufike ehoreni elinguziro ukuze kwenzekwe okuthile. Ngakho niyazi ukuthi benzeni na? Besaba, futhi bangena eshubhini labo likasomkhumbi-mkhathi, futhi bathatha ukubala ngokuhlehla. Futhi bazowushiya lo mhlaba. Babheke enyangeni. Wonke umuntu uzama ukuya enyangeni, ufuna ukusuka emhlabeni aye enyangeni.

⁸⁷ Anikuboni ukusebenza kokomoya na? Usomkhumbi-mkhathi womoya wangena kuJesu, elalele ukubala ngokuhlehla kweZwi likaNkulunkulu, futhi ulungiselela ukuya eZulwini. Yilowo umehluko. O, he. Lokho kuzwakala kunonya, kodwa kuyiqiniso. Uvele ubuke emuva emlandweni. Bheka emuva ngesikhathi futhi ubone ukuthi yonke into...noma yini engokwemvelo eyenzeka emhlabeni, UNkulunkulu wakwenza kwenzeka ngokomoya, ekhuphula ibandla laKhe. Nakhu, phambi kwethu ngqo, futhi lokho kulungile. Siyakwazi, siyakuqonda.

⁸⁸ UNkulunkulu unenqubo entsha. Akuyona inqubo endala; inqubo entsha. Ukhuphula iBandla laKhe. Baba yingcosana ngaso sonke isikhathi. Benza ezinsukwini zikaNowa, benza ezinsukwini zikaLoti. Bahlala benza njalo, baze babe bancane, kakhulu, kakhulu. Kodwa noma kunjalo loloHlamvu oluncane lukaNkulunkulu lusaqhubeka, luba namandla kakhulu, futhi lube namandla kakhulu, ngaso sonke isikhathi.

⁸⁹ IBandla leqiniso likaNkulunkulu ophilayo likhuphuke ngamamayela endleleni namuhla kunalokho elaliyikho. Siyakubona. Siyakwazi. Iqiniso.

⁹⁰ Angiqondile inhlangothi. Manje, usubuyele phansi ehhashini nekalishi futhi. Uyabo? Sikhuphuka ngaphezu kwaleyonto. Awufuni ukubuyela kulokho futhi. Qhabo, angifanele ngisho. Kulungile.

⁹¹ Usomkhumbi-mkhathi womoya ukuKristu, futhi ulalele iZwi likaNkulunkulu, ukubala ngokuhlehla, ukubona ukuthi Liyaphi. Futhi ulungiselela ukuhamba manje, hhayi enyangeni, uzodlula inyanga ngokushesha okukhulu. Usendleleni yaKhe eya eZulwini, futhi ulalele ukubala ngokuhlehla. Yebo, ulibhekise eZulwini oHlwithweni, lwenkazimulo kaNkulunkulu. UkuKristu, esongwe ngenkazimulo yaKhe, ebheke eZulwini kanye naYe, awushiye umhlaba.

⁹² Abantu bemvelo bema bengenamazwi, niyakhumbula, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, ngenkathi uJohn Glenn engena kuleloshubhu ukuba abe usomkhumbi-mkhathi. Futhi bema bengenamazwi, isizwe sakwenza, ngenkathi beqala ukubala ngokuhlehla. Baqala, “Ishumi, isishiyagalolunye, isishiyagalombili, isikhombisa, isihlanu, isithupha, kune, kuthathu, kubili, kunye, ziro.”

⁹³ Futhi ngenkathi usomkhumbi-mkhathi omkhulu eqala ukukhulula amandla e-athomu kuye, umlilo waqala ukundiza base besuka, umhlaba wonke wama ushaqekile. Impela. Qaphelani.

⁹⁴ Kodwa niqaphelile na? Njalo, ukubala ngokuhlehla kwabo kwakuhlehlela emuva: “Ishumi, isishiyagalolunye, isishiyagalombili, isikhombisa, isihlanu, isithupha, kune, kuthathu, kubili, kunye, ziro.” Yileyo ndlela izwe elihlala lenza ngayo noma ikanjani, kwakungukuhlehlela emuva. Yileyo ndlela umhlaba owenza ngayo noma yini. Yileyo ndlela umuntu enza ngayo. Ngokuhlehla usuka kuNkulunkulu. Niyabo?

⁹⁵ Futhi empeleni, ishumi alisiyo inombolo kamoya eBhayibhelini. Noma ubani uyakwazi lokho. Inombolo kaNkulunkulu iyisikhombisa. Leyo inombolo yaKhe ephelele. NoNkulunkulu, inombolo yaKhe—yaKhe ephelele iyisikhombisa. Futhi uNkulunkulu, ukubala kwaKhe ngokuhlehla kuqala kweyokuqala. Kulungile. Umuntu uqala eshumini, ahlehle. UNkulunkulu uqala kweyokuqala, futhi aye phambili.

⁹⁶ Umuntu waqala ukubala kwakhe, ukubala kwakhe ngokuhlehla, futhi uNkulunkulu waqala ukubala kwaKhe kokuqala. Ungathanda ukwazi ukuthi Waqala nini na? Wakuqala ngo A.D. 33, ngenkathi Eqala ukubala iminyaka yamabandla aKhe ayisikhombisa. Lapho Esewaqedile, kwakulungile. Kunjalo. Nansi indlela uNkulunkulu abala ngayo kusukela kokokuqala kuye esikhombiseni: “I-Efesu, iSmirna, iPhergamu, iThiyathira, iSardesi, iFiladelfiya, iLawodikeya, ziro.” Amen. Kulungile. Niyabo, uziro uza emva kweLawodikeya. Sesidlulile kulowonyaka manje. Selisivivi futhi laqhasha, konke ukuwa kwalo.

Kodwa sikuKristu, noKristu ubale iminyaka yaKhe yebandla. Kuneyisikhombisa kuphela yayo. YiBhayibheli.

⁹⁷ Sisanda kudlula kuyo e—etabernakele, sikhombisa ngalinye: izinkanyezi zawo, abefundisi bawo, nokuKhanya kosuku; futhi kwehle kuLuther okwe...; nowaseFiladelfiya, uJohn Wesley; futhi kwehle njalo kuye eLawodikeya; unyaka ngamunye; ukuthi ukuwa kwakuyofika kanjani; nokuthi *lokhu* kuyoba yini; nalokho umBhalo owathi bayokwenza; futhi kwakulapho-ke. Sikutholile emlandweni, ncamashi nje.

⁹⁸ Futhi manje sedlula onyakeni waseLawodikeya. Sonke siyakwazi lokho. Wonke umuntu wethu owazi iBhayibheli uyazi ukuthi lokho kunjalo. Awu, sikuphi isibalo khona-ke na? Siyisikhombisa. Futhi okulandelayo nguziro. Niyabo? Ini? I-Efesu yayingunyaka webandla wokuqala; iSmirna, owesibili; iPhergamu, owesithathu; iThiyathira, owesine; iSardesi, owesihlanu; iPhiladelphia, owesithupha; neLawodikeya, owesikhombisa.

⁹⁹ Manje, sedlula kulowonyaka wePentecostal; sedlule onyakeni wamaLuthela; sedlule onyakeni kaWesley. Futhi bhekani. Kwathi nje ibandla lingaqala, uNkulunkulu waqala ukukhombisa izibonakaliso emhlabeni, ekhombisa ukuthi Wayethuthukisa ibandla laKhe ekulungisisweni, liye ekungcwelisweni, liye embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, manje kusomkhumbi-mkhathi. Amen. Yilokho esikufunayo, osomkhumbi-mkhathi, umuntu othize ongabalekela lento ebopheleke emhlabeni lapha: ufanele ube ngowenhlango ethize, noma into ethize enjalo.

¹⁰⁰ UNkulunkulu ufuna umuntu ongakhuphukela ekuphakameni njengokhozi, athathe indiza yakhe, futhi ahambe athi ngqu kweyasamazulwini phezulu ngaleya, lapho zonke izinto zingenzeka khona phezulu ngaphezu kwalokhu kuqhafaza okubopheleke emhlabeni phansi lapha: kushaya ngamasilinda amane; nebhantshi lamanzi laqhuma ngaphakathi, akazi ngisho nokuthi ubhaphathizwa kanjani nokho (O, he!); nakho konke lokho kuqophisana nokuqhubeka. Sindizela kude kukho. Amen. Kungani, yebo.

¹⁰¹ Ngicabanga lokhu, bangane: Uma isizwe sonke simangele, futhi ngibuka ithelevishini ngenkathi ukubala ngokuhlehla kufikela lowosomkhumbi-mkhathi, uJohn Lynn, e, Glenn, ukuphuma ekhuphuka ebheke ngasekundizeni kwakhe kokuqala ebheke ngasenyangeni, ukuphakama ngaphezu kwalokho, nomhlaba wonke wema umangala lapho bebone lowosomkhumbi-mkhathi esuka; umhlaba wonke uzokuma kanjani lapho uKhozi olukhulu lweBandla likaNkulunkulu, ngenkathi Lulula amaphiko aLo amakhulu ngokunye kwalokhukusa, liphephezeliswa nguMoya oNgcwele noMlilo, lapho Lususa ukuvevezela kwaLo emhlabeni futhi lihambe lingene kwezasamazulwini na? Umhlaba wonke uzokwazi. Izingelosi zizobamukela ngokunqoba. Amen.

¹⁰² Siphila onyakeni kasonkanyezi, siya ezindaweni zasemazulwini. Abantu abakwazi ukukuqonda. Awu, ukhuluma ngokushaqeka okuzayo, linda nje kuze leloBandla liqale ukunyuka, ngenkathi loloKhozi olukhulu lubiza iBandla likaNkulunkulu, elihlengwe ngeGazi likaJesu Kristu, lwelula amaphiko aLo, futhi amandla kaMoya oNgewele aqala ukuLiphakamisa alisuse emhlabeni. Kuzoba isikhathi esimangalisayo.

¹⁰³ Khumbula, imoto ayikwazi ukuwulandela; kanjalo nendiza ngeke. Usomkhumbi-mkhathi. Masibe usomkhumbi-mkhathi. Asikholwe uNkulunkulu. Manje, wena nje, uyabona ukuthi kuyini.

¹⁰⁴ Si...sonke siyathanda ukukhuluma ngo-Azusa Street. Siyathanda ukukhuluma cishe eminyakeni engamashumi amahlanu edlule. Futhi bengilokhu ngiqophisana nani iviki lonke, nginitshela ngalapho si...ukuthi silahlekelwe kade kangakanani ukusuka lapho. Kodwa sesithuthuke kakhulu eMoyeni kaNkulunkulu kuye kwezinye izinto, esinazo manje, abangakaze babe nazo ngisho emuva lapho.

¹⁰⁵ Babesanda kushiya imoto, basusa izinyawo zabo emoyeni, ukuze babe neziphiwo zokomoya ezimbalwa, ukukhuluma ngezilimi, nokumemeza nokucula amaculo okomoya. Ngani, zazintanta phezulu lapho njengezimvemvane. Niyabo? Impela. Kwakungunyaka omkhulu lowo.

¹⁰⁶ Kodwa, o, mfowethu, siphakanyiswe kude kakhulu ngaleya kwalokho manje. IBandla lingaleya le kwalokho, iBandla lokomoya. Lisonyakeni wokhozi manje, usomkhumbi-mkhathi, endizela phezulu, futhi ebuka phansi inkukhu engumfo oyisakhamuzi. Niyabo? Singaphezulu kwalokho kude, le phezulu ngaleya kwe—kwezasemazulwini, lapho uKristu eba yiNto egcwele ethatha izintambo ngokuphelele, futhi uphila ukuPhila kwaKhe, futhi enze ngawe, njengoba Enza ncamashi lapha emhlabeni.

¹⁰⁷ Unyaka kasomkhumbi-mkhathi, ukubala ngokuhlehla kuyaqhubeka, mfowethu. Ngikholwa ukuthi ibandla linjalo... ilunga lokugcina lizozalelwa kulo, mhlawumbe kulobubusuku. Elokugcina lizongena.

Manje, bukani, ngiyazi ukuthi lokhu kwephukile, nesikhathi sami siyabaleka, kodwa bukani. Ngeke ngiqhubeke, kodwa bukani lokhu.

¹⁰⁸ Niyabona ukuthi inqubekela phambili yeBandla ilandele inqubekela phambili yesikhathi. Niyakwazi lokho. Futhi sesishintshile manje ukusuka endizeni kuya kusomkhumbi-mkhathi. Futhi kufanele kube noguquko. Futhi sizibonile izinguquko ezintathu ziza enqubekeleni phambili yezokuthutha, zamandla, futhi njalo kuthatha amandla engeziwe, amandla

engeziwe, amandla engeziwe, gcina okuningi, nokuningi, nokuningi.

Kungani indiza ingaphakami lapho na? Ayinawo amandla okukwenza. Ayakhelwe khona. Ibingekwenze.

¹⁰⁹ Usomkhumbi-mkhathi unamandla. Ishubhu akulo, linamandla. Uphezulu lapho. Uyakhuphuka. Uthumela phezulu njengokukagesi, nga—ngama—athomu, okungamandla amakhulu kakhulu kude kunophethiloli nanoma yini esake saba nayo ngaphambili. Niyabo? Sikomunye unyaka.

¹¹⁰ Futhi inkathazo yakho iwukuthi, ukuthi isayensi ilokhu iqhubekela phambili ekuzuzeni kwayo ngempumelelo, kodwa ibandla lifuna ukuzenza futhi lhlale ligibele uDobbin omdala ehla ngomgwaqo. Yebo, mnumzane. Kunjalo. Shona phansi, “Umama wami wajoyina eminyakeni edlule, nawe ubufanele ujoyine.” Niyabo? Ungacabangi ngento enjalo. Asivuke. Zonke izinto ziyenzeka.

¹¹¹ Isayensi inesihlahla abangakhwela kuso. Kodwa bangakhwela kuphela kuze kube kude kangaka, futhi khonake ba...lokho kukude kangangoba bengahamba. Yilokho ukuphela kocwaningo lwesayensi. Bayazibulala.

¹¹² Kodwa niyabo, eMthini wokukholwa akukho kuphela kuwo. Wena nje yiba ulokhu uhamba. Lowo nguMuthi okufanele sibe kuwo kulobubusuku, uMuthi wokuPhila, uMuthi wokukholwa. Hhayi ukubheka ngasenyangeni, ubheke ngaseZulwini, ubheke ngakuNkulunkulu, nohlwitho olukhazimulayo lweNkosi uJesu eBukhoni baKhe, namandla aKhe, nakho impela ukuPhila kwaKhe okuvela eZulwini. Hhayi ukwehla futhi usenze sijoyine ibandla, hhayi ukwehla ngisho nokuzosenza simemeze, kodwa wehle ukuze avumele ukuPhila kwaKhe konke kuphile ngathi.

¹¹³ Phila kwezasamazulwini, uzithwale, uze ubone izinto ezayo, okwakukhona, okukhona, nokuyakuza; uphakama ngaphezu kwanoma yini ibandla eliye laba nayo kusukela osukwini uKristu ayengalo emhlabeni. Futhi siyakujabulela namuhla. Impela. Sisonyakeni omkhulu, mngane, isikhathi esikhulu, unyaka kasomkhumbi-mkhathi.

¹¹⁴ Nkulunkulu, siphe osomkhumbi-mkhathi, siphe abesilisa nabesifazane, amadoda anesibindi, abesifazane abanesibindi. UJohn Glenn nabo kwadingeka benzeni lapho benyathela kulelo shubhu na? Babengamavulandlela. UNkulunkulu ufuna amavulandlela kuleliZwi, osomkhumbi-mkhathi abazothatha izinto esinazo, futhi abe, ungeliseki ngakho, kodwa siyaqhubeka. UNkulunkulu uzuza ngempumelelo.

¹¹⁵ Manje, ini? Kuzothatha ukukholwa kukasomkhumbi-mkhathi ukukundizisa usuke kulomhlaba uyohlangana noJesu. Kunjalo. Awufuni ukusala uyintombi elele, khona-ke kungcono

ungene kusomkhumbi-mkhathi khona manje, futhi uphakame ngaphezu kwalezi zinto. Uphezulu futhi ngaphezu kwayo.

116 Kunzima ukuthi abantu bakuqonde. Abakaze bakubone. Kuyinto ethize entsha. Kodwa ngokufanayo nje, kufakazelwe ukuthi ngokukaNkulunkulu... Okunye kokuzuza kwaKhe ngempumelelo kokugcina nokwakamuva ukuZibonakalisa futhi athi, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.”

117 Akumangalisi ngenkathi bethola lowoSomkhumbi-mkhathi wokuqala emhlabeni, uKristu, enguNkulunkulu ebonakalisiwe, ngenkathi lowo wesifazane ethinta ingubo yaKhe, waphulukiswa. Ngenkathi uPetru efika eBukhroneni baKhe—baKhe, futhi Wathi, “Igama lakho unguSimoni. Wena uyindodana kaJona,” labosiyazi bezenkolo, labobafo behhashi nekalishi babengazi nje ukuthi bakuqonde kanjani lokho. Hhe? Abakwazanga. Bona... Nanamuhla abakuqondi. Abakwazi ukukwenza.

118 Futhi sithola ukuthi ngenkathi Ema lapho, nalowo wesifazane emthonjeni, Wamtshela izono zakhe, nalokho ayekwenzile. Futhi wangena, watshela abantu emzini, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzile.” Ngani, kwakuyinto emangalisa kangakanani leyo. Babazi ukuthi kwakufanele kube yinto ethize ehlukile kulokho ababenakho.

119 Akumangalisi uNikodemu, lesosazi esikhulu, seza kuJesu futhi sathi, “Rabi, siyazi ukuthi Ungumfundisi ovela kuNkulunkulu, ngoba akekho umuntu obengenza lezizinto uma uNkulunkulu ubengenaYe.”

Futhi lowo Somkhumbi-mkhathi ofanayo wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.”

120 Sesilungele ukusuka. Ukubala ngokuhlehla sekuqalile. Ungenile na? Sibalani na? I-Efesu; iSmirna—iSmirna; iPhergamu; iThiyathira; iSardesi, iLuthela; iPhiladelphia, uWesley; iLawodikeya, iPhentekoste. Sesidlulile kukho manje. Yini elandelayo na? Ayisikhombisa kuphela. Awunawo ayisishiyagalombili.

121 O, ngingathula kanjani lapho ngibona lezizinto na? Ngingema kanjani ngithule, Mfowethu Lyle na? Yini engingayenza ngaphandle kokwenza lokho engikwenzayo na? Awukho omunye unyaka ozayo. Bangaki abafundi beBhayibheli phakathi lapha owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? Phakamisani izandla zenu, bantu o... hhayi omunye unyaka. Khona-ke yini elandelayo na? Uziro, uhlwitho. Kungani ngifuna isakhiwo sesigidi samadola na? E-hhe.

Itende noma ikotishi, kungani kufanele ngibe
nendaba na?

Bangakhela isigodlo laphaya!

Amarubi namadayimane, nesiliva negolide,
Amabhokisi aKhe agcwele, Unengcebo
engakhulumekiyo.

Ngingumntwana weNkosi!

¹²² O, angiyifuni ingcebo yalomhlaba. Nginengcebo eZulwini. Ngiyabonga Nkosi. Ngelinye ilanga ngangena eshubhini likaSomkhumbi-mkhathi, uMzimba kaJesu Kristu, ngabhaphathizwa phakathi lapho ngoMoya oNgcwele, futhi ngibhekisise, ngilindile, ngilalele ekubaleni ngokuhlehla. Ngibone iminyaka idlula, idlula, idlula, idlula, kuze kubalwe unyaka wokugcina. Ukuphefumula okulandelayo... Kungaphezu kwemizuzu emithathu, ngiqonde ukuthi, *ngaphansi* kwemizuzu emithathu, isayensi ithi yimizuzu emithathu ukuthi umhlaba uqhunyiswe, ngesikhathi, kungaphansi kwalokho. Umoya kaJehova olandelayo ungukuthi, “Phumani kulo, bantu baMi. Khuphukelani phezulu.” Amen.

¹²³ Sibukakhona lapha ngaphambi kokuba kufike lesosikhathi, futhi sibone amandla akhazimulayo kaNkulunkulu ebuyela eBandleni; uBukhona bukaJesu Kristu, ubukhona bazo zonke izindawo, bukhombisa ukuthi Uyini, nalapho Ekhona, naphakathi kwethu ngqo enza imisebenzi efanayo Ayethembisa ukuthi iyokwenziwa kulonyaka. Nakhu la Ekhona, efakazisa ukuthi Usenguye.

¹²⁴ AmaHeberu 13 athi, “UJesu Kristu...” 13:8 athi, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” Futhi Wayelaphoke ngesikhathi saKhe sokulungisiswa kuLuther. Kwakukhona uKristu ngesikhathi saKhe sokungcweliswa kukaWesley. Kwakukhona isikhathi saKhe ku-Azusa Street, iPentecostal, iLawodikeya. Ngani na? Kwakuyini na? Unyaka wendiza, iPentecostal. Manje nangu Ukusomkhumbi-mkhathi, osuka ngaleya, uya emkhathini ongaphandle.

¹²⁵ Indiza ibingeke ifike emkhathini ongaphandle, kodwa usomkhumbi-mkhathi uyakwenza. Udumo kuNkulunkulu. Ngilalele ukubala ngokuhlehla. O, he. Kungani silindile na? Ihora elinguziro, ihora lapho Yena...kuyagadla. Sesiwudlulile unyaka wePentecostal. Bakuhlela, futhi baphumela ngaleya beqophisana, babuyela ngqo eBabiloni njengabo bonke abanye. Futhi banani namuhla na?

¹²⁶ Lalelani. Wayeyobahlanza nini nje? Lapho sebesivivi. Futhi isikhathi sokuhlanza. Uyakwala. Yena ukhipha insali kukho, nokubala ngokuhlela sekuphelile, noSomkhumbi-mkhathi usehambile waya eZulwini.

¹²⁷ Woza sambe, mfowethu. Woza sahambe, dade. Iba nesiqiniseko. Unga—ungathathi amashansi. Unganciki

nje kwesinye isipiliyoni seLuthela, noma isipiliyoni seMethodisti, noma isipiliyoni sePentecostal. Ake senyukele kwezasamazulwini manje, phezulu singene ekulungeni kukaNkulunkulu, phezulu singene emandleni aKhe, phezulu ukubona ukuthi uKristu angangena yini kini, futhi Azibonakalise ngokufanayo njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni. Niyakukholwa lokho na? Ngikholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

¹²⁸ Kusele imizuzu emihlanu kube elesishiyagalolunye, noma, imizuzu eyisikhombisa kube elesishiyagalolunye. Leso yisikhathi esihle sokuma. Izikhathi ziyisikhombisa, eminye imizuzu eyisikhombisa. Uma uzothobisa inhliziyo yakho eminye imizuzu eyisikhombisa, UJesu Kristu uzofakazisa ukuthi Ukhona khona lapha esakhiweni kulobubusuku. E-hhe. Mm. Amen.

Kunzima kubashayeli behhashi nekalishi ukukubona lokho, kodwa kulapho noma kunjalo. Ukufakazisile. Sisesikhathini sokuphela. Ulapha.

¹²⁹ Uthembisile, “Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza. Ngalolosuku, isikhashanyana, futhi izwe ngeke lisaNgibona. Nokho niyoNgibona, ngokuba Mina, Ngiyoba nani, nakini,” lapha ekupheleni konyaka. Futhi nakhu la sikhona. “Ngizoba nani, ngibe kini. Ngalolosuku niyokwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi, Mina ngikini, nani nikiMi.” Lowo nguNkulunkulu kubantu baKhe, uNkulunkulu ngokuphelele.

¹³⁰ UNkulunkulu wayezokwenza kanjani lapho engena enyameni yomuntu na? Buka Yena...lokho Ayeyikho ngenkathi Esenyameni yomuntu. Ini? Ingabe Wazishaya isifuba ngokuba yikho na? Qhabo, mnumzane. Wathi, “Angenzi lutho ngize Ngibone uBaba waMi eNgikhombisa khona kuqala.” Bukani ukuthi Wazifakazisa kanjani Yena uqobo, ukuthi Wayeyisiqinisekiso kanjani sokuba nguMesiya. Wayengumprofethi. Wayazi. Wayekwazi ukutshela abantu. Wayibona imicabango yabo. Uyayazi inhliziyo yakho. Wazi konke ngawe, uyakwazi okwenzile. Uyazi ukuthi yini oyidingayo. Angakhuluma nawe ngonembeza wakho, akutshele, azame ukukukhombisa khona.

¹³¹ Udeveli wahlala kwelinye ihlombe, uthi, “Bheka kwenye indlela.” Kuya ngokuthi ufuna ukubuka kuyiphi indlela manje. Yilokho kuphela. Njengoba beshilo okhethweni, “UNkulunkulu ukuvotelile, udeveli uvote ngokumelene nawe. Manje, lapho uphonsa khona ivoti lakho kuzocacisa ukuthi uyaphi.” Kunjalo. Ufanele uthathe uKristu. Ufanele uthathe iZwi laKhe. Ufanele uMkholwe.

¹³² Futhi uma Yena...Uma iBhayibheli lathi Wayenguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke Ufanele abe ngofanayo. Ncamashi. Manje, i...Uyakukholwa lokho na? Phakamisa

isandla sakho. Bangaki abangafuna ukuba usomkhumbi-mkhathi kaNkulunkulu ongathi, “Ngingantwenza ngisuke enhlanganweni futhi ngikholwe kuKristu?”

¹³³ Manje, nje, uma uKristu enguKristu... Uma nginitshele ukuthi bekukhona umoya kaJohn Dillinger kimi, bengi—ngingaba nezibhamu. Ukuphila kwanoma yini kuzozikhiqiza. Okungaphakathi kuzozifugela ngaphandle. Yileyonlela isonto lingenalutho ngaphakathi kakhulu ngayo. Niyabo? Ukuthi abantu benza futhi baziphathe kanjani, bazibiza ngamaKristu, kukhuluma kuphela ngokungabi nalutho ngaphakathi. Lapho uKristu ephakathi lapho, Uyanyakaza. Uthi.

¹³⁴ Abashumayeli bama epulpiti, futhi besaba ukusho okulungile nokungalungile, besaba ukuthi inhlango yebandla izobakhipha. Kuthiwani ngoKristu na? Uzokukhipha uma ungakusho. Ngakho wena ungumngane kabani? Wena ubani o...? Ufuna ukuba umngane kabani na? Ufanele ukhethethe. Ngamunye wethu kufanele enze lokhu kukhetha. UNkulunkulu asisize senze ukukhetha okufanele. UJesu Kristu uyisinqumo sami. Asikhothamise amakhanda ethu manje.

¹³⁵ Baba waseZulwini, nakhu kubekwe amaduku phezu kwalelideski kulobubusuku. Lokho kusho ukuthi kukhona abantu abagulayo. EBhayibhelini bathatha amaduku nezindwangu emzimbeni kaPawulu oNgcwele, babeka phezu kwabagulayo, basinda. Manje, siyazi ukuthi asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa Wena usenguJesu. Kwakungeyena ekuqaleni; kwakunguKristu. Futhi UnguNkulunkulu ofanayo osebenza ngethuluzi lomuntu elifanayo njengoba Wawunjalo ngaleso sikhathi. Vumela uMoya waKho, Nkosi, uqinisekise iZwi laKho, futhi uLiveze manje, futhi phulukisa abantu abekwe kubo lamaduku. Siyakucela, eGameni likaJesu.

¹³⁶ Futhi, Baba, kukhona labo lapha kulobubusuku, mhlawumbe, ofuna ukwenza u—ofuna ukwenza ushintsho, abafuna ukuphuma esivumweni-kholo sabo futhi bangene kuKristu, owangempela, uSomkhumbi-mkhathi kuphela ongasithatha. UNguye kuphela. Akekho umuntu oye wenyuka ngaphandle kwaLowo owehlayo, ngisho neNdodana yomuntu. Baba, kuphela lapho sikuYe ngombhaphathizo kamoya, uzinikele ngokugcwele eZwini laKhe, ukuze Aphile ngathi, futhi enze, futhi abonise iZwi laKhe. . .

¹³⁷ Angeke aguquke ngoba unguNkulunkulu. Isinqumo sakhe sokuqala siphelile. Angeke asiguqula. Si—singabanesiphelo. Senza zonke izinhlobo zamaphutha. Akanasiphelo futhi uphelele. Isinqumo sakhe sokuqala siyisinqumo esiphelile, futhi sifanele sihlale sinjalo, futhi siyakwazi, Baba.

¹³⁸ Manje, Wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.” Akakwazi ukuguqula leso sinqumo. Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

Uma ukuPhila kukaKristu kukuwe, uma umqondo kaKristu, khona-ke siyakhathazeka futhi senza izinto zikaKristu. Wathi lezizibonakaliso Azenzileyo ziyolandela lonke ikholwa elikholwa kuYe.

¹³⁹ Manje, makwazeke kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Wena uphakathi kwethu. Singabantu abafayo, izidalwa ezingabantu. Izinhliziyo zethu ziyavutha. Sibona o—okuhle nokubi. Sibona ukukhula kwesayensi. Sibona ukukhula kwebandla. Siyawabona amandla eVangeli, elikwenzayo. Futhi siyaqonda ukuthi awukho omunye unyaka webandla ozayo, owabikezelwa eZwini. Wathi akukho obekungengezwa kuLo noma kususwe kuLo.

¹⁴⁰ Khona-ke sibona ukuthi isayense inayo, imishini yabo emikhulu manje, ezobasusa emhlabeni. Baba, sikubonile kufanekiswa konke phansi unyaka wonke. Manje, siyazi ukuthi sisekupheleni. Makuthi uKristu, uMsindisi wethu, ahambe phakathi kwabantu baKhe kulobubusuku futhi anikeze isiqinisekiso sokuthi Ulapha.

¹⁴¹ Wathi, “Nomaphi lapho ababili noma abathathu bebuthene eGameni laMi, ngiyoba phakathi kwabo. Noma yini abavumelana ngayo njengokuthinta noma yini into eyodwa, futhi bacele, bayophiwa khona.”

¹⁴² Baba, lelibandla maliphendukele kuWe ngokuphelele. Kwangathi ngingakwazi, kulobubusuku, ukuba ngizinikele *kanjalo* kuWe, ukuze Uzifakazise Ukhona. Kwangathi amalungu oMzimba waKho phakathi lapha angakwazi ukuzithoba kuWe, ukuze sonke sibone inkazimulo kaKristu wethu omkhulu isebenza phakathi kwethu, esinika isiqiniseko, Nkosi, ukuthi siye sagcwala ngaphandle konyaka wesivumokholo, ukuthi sisonyakeni kasomkhumbi-mkhathi womusa kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Sikucela eGameni likaJesu Kristu, ngenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

¹⁴³ Bangaki abafuna ukuba usomkhumbi-mkhathi kaNkulunkulu na? E-hhe. Nkulunkulu, siphe khona. Manje, iBhayibheli lathi UngumPristi oMkhulu ongathintwa ukuzwelwana nobuthakathaka bethu. (Ngilungiselela ukubiza umugqa womkhuleko.) Niyakukholwa lokho na? Unguye izolo, namuhla, naphakade.

¹⁴⁴ Manje, uma Ekithi, Yena kini, kimi, khona-ke Uyophila ngathi, asebenze ngathi, ashumayele ngathi, enze ngathi, enze ngathi, ngokuba akuthina, “Akusiye okhulumayo, kodwa nguBaba ohlezi kini okhulumayo.” Njengoba Esho nje, “AkusiMi owenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlezi kiMi owenza imisebenzi.” Nonke niyakukholwa lokho.

¹⁴⁵ Manje, bangaki abantu abagulayo osesakhiweni na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngiyagula. Ngidinga

ukuphulukiswa.” Nomaphi nje, kuso sonke isakhiwo, noma isidingo . . . awu, kuseduze impela kuyo yonke indawo.

¹⁴⁶ Manje khumbulani, kusukela kulesisikhathi kuqhubeke, anginacala ngomgxeki, nanoma yini engenzeka. Ngakho uma ungakholwa, lesi yisikhathi sakho sokuthi uhambe, uyabo, ngoba khumbula, lokhu kusuka komunye kuye komunye. Sesikubone kangaki na? Omunye komunye. Ngibabonile bewa benesithuthwane, baphathwe umdlavuzo, bafe, bekhubazekile ezihlalweni zabo. Niyakwazi lokho. Bangaki abakwaziyo lokho nabazi ngakho na? Futhi bheka, kukuyo yonke i . . . awu, yonke indawo. Ngakho yisikhathi sakho sokuhamba, uma ungumgxeki. Ungahlali lapha manje, ngoba ngokuqinisekile uzoba sengozini.

¹⁴⁷ Makholwa, hlalani ezihlalweni zenu. Zithobeni. Abekho abantu abaningi kulesi sakhiwo engibaziyo. Ngiyalazi ibandla lami. Kukhona abanye abantu basebandleni lami. UDadewethu Lyle, uMfowethu Moore ubelapha. Bangaki phakathi lapha o—owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe na? Phakamisa isandla sakho. Lapho, uyabo, ngokubonakalayo yiwo wonke umuntu.

¹⁴⁸ Manje, uma uKristu wayemi lapha, futhi wawugula, kanjani . . . ? Ubunga—ubungaMcela ukuphulukiswa na? Ngokuqinisekile ubungakwenza. Angakuphilisa na? Ubeyokutshela ukuthi Ubesekwenzile kakade. Ngemivimbo yaKhe naphiliswa.

¹⁴⁹ Kodwa ngesibonakaliso saKhe sobuMesiya ukukhombisa ukuthi Wayeyilokho uMose akusho, nalokho uNkulunkulu akusho: “Uma kukhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, Mina, iNkosi, ngizozazisa kuye. Futhi uma lokho akushoyo kuyiqiniso, khona-ke muzweni. Uma kungenjalo, ningakulaleli. Ngizokhuluma naye ngemibono. Lokho akushoyo kuyafezeka, khona-ke lelo yiqiniso. Kodwa uma kungenzeki, khona-ke ungakholwa.”

¹⁵⁰ Manje, ngiyabikezela, futhi ngiyanitshela, ukuthi uKristu ukhona. Izwe lesayensi likufakazele ezithombeni. Futhi siseduze manje.

¹⁵¹ Manje, wena onenkathazo, ngifuna uthobeke nje ngendlela ongaba ngayo, futhi nje nikhothamise amakhanda enu umzuzwana, futhi nikhuleke nonke kanye kanye. Futhi kholwa nje manje ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uKristu ukhona.

¹⁵² Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi, yonke indawo nxazonke. Yiba semkhulekweni. Khuleka ngokuzithoba, uthi, “Nkosi Jesu, yiba nomusa kimi. Ngizama ukukholwa.” Njengoba sihlala sixoxisana noKristu, Nkulunkulu sisize. Nkulunkulu, yiba nomusa kithi ukusondela kithi, njengalokhu thina, sicabanga njengabafundi becabanga, bekhuluma, “Esacabanga ngalezi zinto, bheka, iNgelosi yeNkosi yabonakala kuye,” umBhalo uthi.

153 Nje hloniphani ezinhliziyweni zenu, nibuka, nikholwa. Manje, njengoba niphakamisa amakhanda enu emva komkhuleko, manje bukani ngapha. Futhi kholwa manje ukuthi uKristu uyaphila. Vuma onke amaphutha akho futhi ukholwe ukuthi uKristu uyaphila.

154 Futhi manje, uma engumPristi oMkhulu ongazwelana nobuthakathaka bethu, khona-ke uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubezokwenza kanjani uma Ubethintiwe na? Owesifazane owathinta ingubo yaKhe, akazange Akuzwe ngokuphathekayo, ngoba Yena . . . ingubo yabasePalestine ilenga ngokukhululeka inengubo yangaphansi. Futhi ngakho uPetru waMkhuza, wathi, “Wonke umuntu uyathinta.”

155 Wathi, “Yebo, kodwa kube ukuthinta okuhlukile. Amandla, amandla okuqina, asukile kimi.” Futhi Wabuka phezu kwezethameli zaKhe waze Wathola owesifazane omncane, futhi Wamtshela ukuthi wayenompho, nokukholwa kwakhe kwakumsindisile. Manje, yileyo ndlela umPristi oMkhulu enze ngayo izolo. Futhi uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Ubeyokwenza ngokufanayo namhlanje.

156 Manje, njengoba Engenawo umzimba wenyama emhlabeni kodwa uMlobokazi waKhe nje, Usebenza ngalokho: umuntu. Uhlala njalo, kwakunguNkulunkulu ku-Eliya, uNkulunkulu kuDavide, uNkulunkulu kuKristu, njalo, niyabo, UnoMzimba waKhe emhlabeni.

157 Manje, akunandaba ukuthi Ubezongigcoba kangakanani, Uzofanele akugcobe nawe. Abaningi oJes- . . . izinto uJesu ayengenakuzenza Yena uqobo ngenxa yokungakholwa kwabo. Siyakwazi lokho. Niyabo? Bathi, “Lokhu wakwenza eKapernawume. Ake siMbone ekwenza lapha.” Futhi Wamangala, wayesehamba, futhi wabashiya, niyabo, ekungakholweni kwabo.

158 Manje, Mkhohlweni. Futhi uma ubungabona ukubonakala kwaKhe okubonakalayo, bekungeke yini kukusize na? Impela. Awu, manje, Angeke abonakale emzimbeni wenyama. Uma Ekwenza, osomkhumbi-mkhathi sebehambile. Niyabo? Uzokwenza, lapho Efika, ibandla selihambile, niyabo, siyakwazi lokho, ubungawubona umbono waKhe.

159 Kodwa ukuPhila kwaKhe kuphakathi lapha. Manje, ukuba bekukhona indoda emi lapha ebinezibazi zezipikili ezandleni zayo, nezibazi zameva, noma yimuphi umzenzisi ubengakwenza lokho. Ya. Kodwa ubungahlulela ngokuthi wayempiloni.

Bhekisisani ukuthi Yena . . . Bona, amaJuda aMtshela, athi, “Ngani, ungumuntu uzenza uNkulunkulu.”

160 Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba

waMi, khona-ke kholwani imisebenzi, ngokuba ifakaza ngaMi.” Kuyafana namuhla ebusuku.

¹⁶¹ Masikuthathe ngomugqa ngomugqa. Kukuyonke yonke indawo. Kholwa manje. Kulemigqa lapha, bangaki laphaya ogulayo manje, owaziyo ukuthi anginazi na? Vele uphakamise isandla sakho, uthi, “Ngiyagula, ngi—ngi—ngiyakhuleka, Nkulunkulu. . .”

¹⁶² Ukubukela nje. Angikwazi ukukwenza kwenzeke. Kufana nokuthi nje, angikwazi ukukuchaza, kufana nephupho, kuphela awu—wulele. Wena—wena wakhiwe, wazalwa ngaleyondlela, ukubona imibono. Uma bengikutshela, “Ngiphuphele iphupho,” ubungekwenze. Kuthatha umuntu mumbé owenza. . . okunikeza iphupho ukuba ukwenze. Angikwazi ukukubonela umbono ngaphandle uma uNkulunkulu engikhombisa wona.

¹⁶³ Uma nje uzoba nokukholwa futhi ukholwe ukuthi engikushilo kuyiqiniso! Yilokho Angitshela khona ngenkathi lokho kuKhanya kuma lapho, lapho ababekhona bonke, wonke umuntu ekubuka, ngenkathi bethatha izithombe. KuseWashington, DC, amalungelo obunikazi, iNgelosi yeNkosi. Unokukholwa nje ukukukholwa.

¹⁶⁴ Nanti inenekazi. Manje, ngifuna nina nonke, bukani lapha. Awukuboni lokho kuKhanya okulenga phezu kwalelinenekazi lapha, inenekazi elincane elihlezi khona emuva lapha na? Manje, uzama ukufihla isono sakho manje. Ngiphonsela inselelo lokho kwelamanqamu. Awukuboni lokho kuKhanya khona lapha na? Manje, bhekisisani ngempela. Cela iNkosi ukuthi ikubonise, khona lapha: isimaragidu, ukuzungeza, Lowo ofanayo. . . Bangaki abasibonile isithombe saKho na? Ake sibone isandla sakho. Impela. Awu, Nakhu khona lapha. Niyabo, kuyini na? Sisezingeni manje.

¹⁶⁵ Angikaze ngilibone lelo nenekazi. Kodwa bheka kimi, Dadewethu. Siyizihambi komunye nomunye. angikwazi; uNkulunkulu uyakwazi. Uma iNkosi uJesu izokwembula kimi okufunayo, noma into ethize oyenzile, into ethize obungamele ngabe uyenzile, noma into ethize engalungile ngawe, into ethize owaziyo ukuthi angazi lutho ngayo, futhi uma Azi obekukhona, impela Uzokwazi ukuthi kuzoba yini, uzokwazi noma ngabe lelo yiqiniso noma qha. Uma Ezongitshela lokho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe futhi ukholwe uBukhona baKhe na? Ingabe nonke nizokwenza na?

¹⁶⁶ Inenekazi lihlushwa yinkathazo yenhliziyu. Kunjalo. Linokungasebenzi kahle kwesigubhu senyongo. Yilokho udokotela alitshela khona. Angikaze ngilibone empilweni yami. Kunjalo. Unomuntu othile enhliziyweni yakho omkhulekelayo. Ngumfana, futhi usenkonzweni, futhi akekho lapha. Usendaweni lapho khona kuseduze nezintaba: iDenver. Kunjalo. Kunjalo. Futhi ukhathazekile ngesimo sakhe sokwethuka.

Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani igama lakho na? UNkk. Radcliffe. UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini ngosomkhumbi-mkhathi na?

¹⁶⁷ Manje, lapha, kukhona indoda ekhumula izibuko zayo, isula izinyembezi emehlweni ayo. Ibuyisela izibuko zayo. UkuKhanya kulenga kuyo ngqo. Iyisihambi kimi. Ihlushwa isifo samathambo. Angikwazi. Siyizihambi. Ngabe kunjalo na? Awuveli lapha. Uvela-Arkansas. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela igama lakho, njengoba Atshela uJesu ukuthi lalingubani igama likaPetru na? Mnu. Vaughn. Lokho kunjalo. Buyela emuva, ukholwa.

¹⁶⁸ Nali inenekazi lihlezi khona emuva lapha, lingibhekile ngqo. Anikuboni lokho kuKhanya phezu kwalelonenekazi lapho na? Lapho na? Kubukeni. Niyabo? Liyisihambi kimi, kodwa liMthintile. Lisekuxhumaneni. Usehambe ngqo lapho likhona, uMoya kaNkulunkulu. Inenekazi lihlushwa isigaxa ebeleni lalo. Kunjalo. Aliveli lapha nalo. Livela e-Arkansas. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? UNkk. Sytack.

USomkhumbi-mkhathi!

Ukhulekela othandiweyo, awunjalo na? Unomdlavuzo. UDorothy Driscoll, e-hhe, kholwa nje futhi ube nokukholwa. Kuzokwenzeka. E-hhe.

Isimila ebeleni, isigaxa. Nkosazana Dickerson, uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, uNkulunkulu uzokususa kuwe. E-hhe, e-hhe, e-hhe.

Angimazi, angikaze ngimbone empilweni yami. Kunjalo, akunjalo na? Uyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Uyakholwa na?

¹⁶⁹ I-Azusa Street ayikaze izibone lezozinto. Lokho akubanga njalo, selokhu uKristu waba semhlabeni. Futhi uKristu usemhlabeni manje esimweni sikaMoya oNgcwele ekugcwaleni kwaWo, ezama ukukususa kulezizinto eziboshelwe emhlabeni, ukukuphakamisela eBukhoneni baKhe. “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.” Uyakukholwa lokho na?

¹⁷⁰ Bangaki kini abaphethe amakhadi omkhuleko ukuba bakhulekelwe na? Bangaki kini abanethemba kulaba bafowethu abangabefundisi na? Bangaki abafundisi abalapha na? Phakamisani izandla zenu. Ngingathanda ukuba nabanye benu beze lapha, nime nami umzuzwana nje, abanye benu bafowethu enikholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu.

¹⁷¹ Ngifuna labo abanamakhadi omkhuleko bashaye umugqa kuloluhlangothi. Sizokhulekela abagulayo ngenkathi lolu gcobo lusahamba. Angifuni ukuthi luhambe. Niyabo? Ngifuna

ukubeka izandla kini khona manje. Nina eninamakhadi omkhuleko, shayani umugqa khona ngalapha. Velani nehle nize ngapha. Ake abanye babefundisi beVangeli beze lapha kimi umzuzwana nje.

¹⁷² Uma ufela esonweni sakho sokungakholwa, uNkulunkulu akanacala. Uma ufela esonweni sakho sokungakholwa, eBukhloneni bukaNkulunkulu uSomandla, ungakwenza kanjani na?

¹⁷³ Wozani lapha, bazalwane abangabefundisi. Noma yimuphi umfundisi ofuna ukuza ame nami, ngiyajabula ukuba nawe. Uyindodana kaNkulunkulu. Woza ume nami futhi ungisize ngikhulekele lababantu abagulayo. Wozani, bazalwane. Yima khona lapha ngenkathi besenza lomugqa ube sesimweni khona lapha.

(Billy, ungabamba ezansi lapho na? Konke lapho kuze kube sekugcineni kwesakhiwo.)

Wena onekhadi lomkhuleko manje, yima ngqo esikhaleni esiphakathi nezihlalo. Bonke abanye, ibandla, gebisa ikhanda lakho manje emkhulekweni.

¹⁷⁴ Bafowethu abangabefundisi, beningeza ngapha ngqo, ngaphesheya kwalapha, nizungeze lapha, khona ngqo lapha. Yenzani umugqa ophindeke kabili—umugqa ophindeke kabili, ukuze sikhuleke, senze indawo.

UNkulunkulu waseZulwini abe nani ezansi lapha. Nkulunkulu waseZulwini...?...

¹⁷⁵ Wonke umuntu kanye kanye manje ngobungwele obunesizotha woza kulesi sikhala esiphakathi nezihlalo. Abanye babantu benu bazobe bemile kulomugqa womkhuleko. Khumbula, ukuthi uma uMoya kaKristu uzokwenza imisebenzi kaKristu, futhi uma uMoya kaKristu uZifakazisile ngokuqhubekayo evikini lonke, esikhathini sonke... Awukaze wehluleke nakanye. Lezi zithunywa zenkolo lapha ezikanye nami ziyakwazi. Emasimini angaphandle, lapho abantu abayingxenye yesigidi bemi khona, abakwazi ngisho nokukhuluma ulwimi lwabo, futhi babatshele okufanayo nje: izinto okufanele zenziwe, nezingafanele zenziwe.

¹⁷⁶ Ngabe yilabo kuphela okhona, ozokhulekelwa na? Kulungile. Nonke gebisa ikhanda lakho manje. Futhi ngifuna uDon, uma ethanda, ukuba eze lapha futhi ahole iculo, *INyanga Enkulu Manje Iseduze*. Ngicela unganyakazi ngaphandle uma uza ngomugqa womkhuleko. *INyanga eNkulu*. Wonke umuntu khotamisani amakhanda enu ngomkhuleko.

¹⁷⁷ Baba waseZulwini, manje sifuna ugcobo lukaMoya, njengoba sibeka izandla zethu phezu kwalabantu abagulayo. Kwangathi bangadlula lapha kungabi njengoba bedlula kubazalwane babo, sengathi bangadlula bazi ukuthi uJesu

Kristu ulapha phakathi kwethu, futhi senza kuphela izifiso zaKhe nemiyalo yaKhe.

¹⁷⁸ Makube njalo, Nkosi, ukuthi kulobubusuku, wonke umuntu odlulayo, kwangathi angaphulukiswa. Busisa lababefundisi beVangeli lapha. Kwangathi amandla kaNkulunkulu angaba phezu kwabo, futhi njengoba befeza ukuthunywa . . .

¹⁷⁹ AmaZwi okugcina, Nkosi, Owasitshela wona ngenkathi Ulapha emhlabeni, Wathi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakhohwayo: NgeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayokhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha izinyoka, noma bephuza okubulalayo, akuyikubalimaza; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Yilokho Owakwethembisa, Nkosi.

¹⁸⁰ Silapha. Sisonyakeni obucayi. Sisesikhathini esibucayi. Bekuhlala kunjalo kumelene neqiniso leVangeli. Manje makwenzeke kulobubusuku, Nkosi. Makuthi labo abangenacala, futhi abalungele ukuphulukiswa, kwangathi bangeza futhi baphulukiswe, eGameni likaJesu.

¹⁸¹ Manje, ngenkathi lonke ibandla, wonke umuntu ekhuleka, njengoba umugqa ungena, ube semkhulekweni manje. Futhi, bazalwane, njengoba nje bedlula, khulekani, nibeke izandla zenu phezu kwabo, ngamunye odlulayo. Hamba lapha ubonga iNkosi uJesu ngokuphulukiswa kwakho. Kulungile.

(Kulungile, Don, uma uthanda.) [Ibandla liyacula, *INyanga eNkulu*. Umkhuleko kaMfowethu Branham awuzwakali—Umhl.] . . .? . . .

¹⁸² Ingabe bekuyi bonke lowo obezokhulekelwa na? Ingabe ukhona omunye ozokhulekelwa na? Bekuwumugqa omfushane kakhulu we . . . Ngabe ngibatholile bonke ngobunye ubusuku na? Okeyi. Banabantu abahlezi ezihlalweni ezinamasondo. Sifuna ukubabeka izandla. Qhubekani nicule futhi nikhuleke ngenkathi sehla siyokhonzisa kulaba.


[Ibandla liyacula, *INyanga eNkulu*—Umhl.] . . .? . . . [Omunye unikeza uMfowethu Branham amaduku—Umhl.] Culani futhi.

EGameni leNkosi yethu uJesu Kristu, uMoya waKho mawuze phezu kwalaba, Nkosi, futhi ubaphulukise. EGameni likaJesu, ngiyakhuleka. Amen.

¹⁸³ Masisukume ngezinyawo zethu manje futhi sidumise uNkulunkulu. Asi—asiphakamise izandla zethu sithi, “Baba waseZulwini, ngokwenza lokhu siyabonga futhi sidumisa Wena, ngoba Wena ungamandla ethu okuqina. Sisize, Nkosi, futhi wenze lezizinto ngoba Wena unguNkulunkulu futhi uyaligcina iZwi laKho. SiyaKuthanda, futhi siyaKuhlonipha, futhi siyaKudumisa ngenhliziyo yethu yonke.”

Nkulunkulu, thatha lenkonzo ezandleni zaKho manje. Nikeza ukukholwa kuwo wonke umuntu, ngeGama likaJesu. Amen.

¹⁸⁴ Shayela phansi isigxobo sakho manje. Shayela phansi isigxobo sakho sokukholwa bese uthi, “Khona lapha ngiyakwamukela. Nakhu ngiyakukholwa. Njengamanje sekuphelile. Ngingakwazi. Ngiyazi sekwenziwe, eGameni likaJesu Kristu.” Phakamisa izandla zakho, udumise, futhi uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu, ngobuhle baKho.”

Kulungile, Mfowethu Don. E-hhe. UNkulunkulu akubusise. 

UKUBALA NGOKUHLEHLA ZUL62-1125E
(The Countdown)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoNovemba 25, 1962, eLife Tabernakele eShreveport, eLouisiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org